Incwadi Yokwelusa YesiGungu sabaHoli BamaBandla aKwaZulu-Natal Mayelana NeNdluzula Eqhubeka kulesisiFundazwe

31 October 2018

Bafowethu noDadewethu abaThandekayo kuKristu.

Lena yiNcwadi YokweLusa mayelana nokhetho lukazwelonke kanye nezifundazwe lwango-2019.

KwabaseRoma 12:17-19

"Ningaphindiseli-muntu okubi ngokubi; nakani okuhle phambi kwabantu bonke; uma kungenzeka, ngokwenu hlalisanani ngokuthula nabantu bonke;…" isho iNkosi.

Thina siGungu sabaHoli bamaBandla aKwaZulu-Natal (KwaZulu-Natal Church Leaders' Group – KZNCLG) sikanye nombuthano wamaBandla abambiseneyo kulesisiFundazwe, siyanibingelela nonke. Ngalencwadi Yokwalusa sifisa ukuniqaphelisa ngokuthi izinga lendluzula selenyuke laze lafinyelela eqophelweni elingemukeleki neze. Sidinga ukukhuleka sinxuse ngesineke ukuba uMoya oNgcwele kaNkulunkulu asisize ukwenza isiFundazwe sethu sibe nokuthula.

Ilukuluku LokuLungisa izinto Ngempindiselo: IsiFundazwe sakwethu sesizithola futhi sesisengozini enkulu, yobuhlungu kanye nokulimazana ngenxa yezehlo zokubulalana esezisabalele nalolonke izwe laseNingizimu Afrika, kepha esezivame kakhulu kulesisiFundazwe. Ukuze sihlangabezane nalesisimo, sifisa ukunikhumbuza ukuthi ubulungiswa bukaNkulunkulu buhlala njalo bugebele ngasohlangothini lwesihawu nomusa kunokujezisa nempindiselo. Ngakho-ke, nathi masiphokophele izinto ezinhle lapha eKZN, ngaleyondlela-ke, imiphakathi yelakithi iyokwelapheka amanxeba.

Isimo Sokwanda Kwezigameko: Izibalo zezigameko zendluzula ezikhishwe ngamaPhoyisa emnyakeni ka-2017/18 zikhomba ukuthi izigameko zokubulalana lapha eKZN zenyuke zisuka ku-4014 zaya ku-4382, amacala aphathelene nendluzula yocansi wona enyuke asuka ku-8484 aya ku-8759; kwathi amacala anesihluku esivamileyo, wona akhula esuka ku-22285 aya ku-22842. Ngaphezu kwalokho, sekube nezigameko ezingamashumi amane (40) ukusukela ku-Meyi 2016 kuya ku-Agasti 2018.

Ukubuka lesisimo ngeso loKholo: Uma sibhekisisa lezizibalo ezethusayo ngomqondo nje owodwana woKholo, othiwa yilukuluku nesifiso sabantu ukuziphindiselela, kuyasikhanyela ngokusobala ukuthi ukuvumela ukuchuma kwalokhu kuyokwandisa izinkinga. Kanti imfundiso yokuxolelana, ukuthula, nokubuyisana nokuphokophelela njalo ukwenzela isintu okuhle, kusinikeza ithemba lokuthi ukuthula okwesekeleke esimweni sezomnotho esisabalalisa amathuba ngokulinganyo kubobonke, ukunakekelana nokuhlomulisana, yizona zinto eziyokhulisa isithunzi sobuntu kubobonke.

Inhlabamkhosi YokuSukuma Senze:

Genesise 4:9-10 “Wayesethi uSimakade kuKayini: Uphi umfowenu uAbela na? Wathi: Angazi; ngingumlindi womfowethu na? UNkulunkulu wathi: Wenzeni na? Izwi legazi lomfowenu liyakhala kimi lisemhlabathini”.

- IsiGungu sabaHoli bamaBandla aKwaZulu-Natal sinxusa bonke abashumayelayo ukuba basabalalise umyalezo wokuthula, ithemba, isimo esizinzileyo, umoya wobuntu nokuhlonishwa kwempilo yesintu.
- Kufanele ukuba sinxuse ukuba kwande ukuphathana ngobumnene nesihawu, nokuthethelelana, njengalokho noNkulunkulu wanithethelela ngoKristu (Kwabase-Efesu 4:32).
- Sinxusa onke amalungu amaBandla kaKristu ukuba akukhuthalele ukubikela amaphoyisa ngezigameko zobugebengu kanye nalokho okusolisayo ukuthi kungase kugcine sekunomphumela wendluzula ezindaweni esihlala kuzo.
- Sidinga ukukhuleka singaphezi; sikhulekela ubulungiswa nokuthula, ikakhulu ngaphambili nangasemumva kwesikhathi sokhetho luka-2019, sikhuleke sinxuse ukuba lube ngolukhululekileyo, nolungasolisi, nolunokuthula kuzo zonke izigceme zemiphakathi yakithi.

Isiphetho: LeNcwadi Yokwelusa ingumzamo wethu ukuqwashisa abantu ukuthi izehlakalo zendluzula emphakathini wakithi sezifinyelele ezingeni elingenakubekezeleleka. Nokho, ukuhlangabezana kwethu nesimo sayo akufanele kube yizenzo eziqhutshwa yilukulu lokuzama ukudala ubulungiswa ngempindiselo; kepha kufanele ngasosonke isikhathi kube yizenzo ezikhuthaza ukwabiwa kwamathuba ezomnotho ngokulinganayo.

Okungaxhunyanwa Nabo:

1. Diakonia Council of Churches: 031-310 3500| the director@diakonia.org.za
2. Midlands Christian Council (MCC): 071 697 8209| simphiwemanqokontsi@gmail.com
3. KwaZulu Regional Christian Council (KRCC): 082 672 4035| nyuswa@krcc.org.za
4. Southern KwaZulu-Natal Christian Council (SKZNCC): 078 624 5897| skzncc@gmail.com
5. Thukela-Amajuba-Mzinyathi Christian Council (TAMCC): 078 429 0774| sonto6150@gmail.com

- The SAPS: 08600 10111. Provincial Commissioner’s Offices: (031) 325 4825
- Premier’s Hotline: 0800 596 596
- Presidential Hotline: 17737

KZNCLG Secretariat: |KwaZulu-Natal Christian Council (KZNCC): 50 Langalibalele Street, Pietermaritzburg, 3201. 033-345 4819| **info@kzncc.org.za**

Nge minininingwane ethe xhaxhe: Rev Siyabulela Gidi: 072 97777 07| sgidi@kzncc.org.za

IKHISHWE NGEGUNYA LIKA:

Signed at: …….. **on this**: ……**2018**

1. **KwaZulu-Natal Church Leaders Group - Chairperson:**

   Signature: …….

2. **KwaZulu-Natal Church Leaders Group - Deputy Chairperson: (KZNCLG)**

   Signature: ……..